UQhamukile wayeyintombazana eyayithanda ukudlala ibhola nabafana.

Ugogo wakhe wayengakujabuleli lokho.






UQhamukile wayevamise ukubuka ibhola kumabonakude.

Wacela ukuba ubaba wakhe amthengele amakhokho.

Uma bedlala nabafana ibhola, babethanda ukumsukela nokumphatha kabi, bemngqubuza njalo.





Babefuna ayeke ukudlala. Iqhinga labo langasebenza. Waqhubeka wadlala ekhaya nobhuti wakhe.

Ekhaya ugogo naye wayengahambisani nakho.

Wayemethusa ngokuthi uzofihla amakhokho akhe.







Wayefuna ukudlala ngenhliziyo yakhe yonke. UQhamukile wayehamba ayodlala nabafana ngenkani.

Abafana babethukuthela ngalokhu.

Bese bamdlalisa kabi enkundleni.

UQhamukile akazange aphele amandla.





UQhamukile wayelokhu edlala ekhaya sengathi akukho lutho. Wayedlala noma eyedwa.

Ngolunye usuku, iqembu lalishoda ngomdlali. Babemdinga kakhulu umuntu ozongena enkundleni. Lalingekho elinye isu ngaphandle kokucela uQhamukile ukuba adlale nabo. Lokhu kwenza abafana belinye iqembu bahleka.





UQhamukile wagijima inkundla yonke ngamandla. Washaya igoli lokuwina.

Ababukeli bashaya izandla bememeza igama lakhe, “Qha...mu...ki...le! Iqhawe lethu!”

Kusukela ngalolo suku, abafana bakujabulela ukudlala noQhamukile. Bavuma ukuthi ungumdlali webhola.





UQhamukile wathola indebe. Ubhuti naye wayekhona ukuzomeseka. Ugogo wayemjabulele, nokuba ekuqaleni wayengahambisani nakho.

UQhamukile waba yingcweti yomdlali. Abantu baziqhenya ngaye. Abafana bafuna ukudlala ibhola noQhamukile.





Umphakathi waziqhenya ngentombazana edlala ibhola nabafana. Abantu abadala bafuna ukuyibona lentombazana.

UQhamukile wayesengumdlali waso sonke isikhathi weqembu lebhola. Uma engekho enkundleni, iqembu lakhe lalingaphelele.

